

Isingeniso

Lomqulu uhlose ukwazisa bonke abathintekayo ngokubuyekizwa kwamasu okuphatha isiqiwi iThala.

Lomqulu uchaza kabanzi ngenqubo yokuhlela elandeliwe, uphinde ucacisa ngokushiwo umthetho nengqubomgomo futhi ubalula izinto ezibalulekile eziziqondisa ukuphathwa kwesiqiwi.

Imibono evela kulabo ababambe iqhazaibalulekile kakhulu, ngakho-ke lomqulu isiqalo sohlelo lokuthola imibono ehlukahlukene ukuze kuqinisekiswa ukuthi kuhlaziwe zonke izindlela namasu okuphatha isiqiwe saseThala.

Asibuke isiqiwi saseThala

Isiqiwi saseThala sitholakala eNyakatho neKwaZulu-Natal emhlabeni ongamahektha ayizinkulungwane ezingama-29 653 phakathi kwe Louwsburg nomfula iphongolo siqhele ngamakhilomithatha abalelwa ema-70 uma usuka eVryheid bese iqhela ngamakhilometha angama-80 uma usuka oPhongolo. Sakhelene nezindawo zokuhlala zemiphakathi kanye nezindawo ezenza inzuzo ngasezindaweni zamakhosi ezingaseNyakatho bese idolobha lase Louwsburg libe ngase-Ningizimu. Isiqiwi singaphansi kukaMasipala wase-Zululand sixhantele komasipala bendawo abathathu: uPhongolo, Abaqulusi neDumbe.

Isiqiwi iThala saziwa ngamagquma namathafa aso okuyindawo okuhlala izinhlobonhlobo zezilwane. Saqalwa ngenhloso yokuvikela izilwane zasendle ezibalulekile njengobhejane nokuvikela ukucekelwa phansi kwemvelo kubuyiselwe nezinhlobonhlobo zemvelo ezaziphila kulendawo. Ukuqalwa kwaso futhi kwakuhloswe ukubuyiselwa komhlaba kubahlali ngaphansi komthetho wokubuyiselwa kwamalungelo omhlaba (uMthetho wama. 22 wezi-1994).

Isu lokuphatha indawo Evikelekile

Lokubuyekizwa kwaloluhlelo lokuphatha kuhloswe ngakho ukubuyekizwa kohlelo lokuphatha isiqiwi iThala olwalusukela kwizi-2009-2013

Ngokomthetho weZemvelo kaZwelonke obhekene nokuphathwa kweZindawo eZivikelekile wama 57 wezi 2003 amasu okuphatha izindawo ezivikelekile abaluleke kakhulu uma kuhlelwa izindlela zokuphathwa ngempumelelo kwezindawo ezivikelekile

Ngokujwayelekile amasu okuphatha aba umqulu weminyaka emihlanu osezingeni eliphezulu. Kodwa-ke lona waseThala uzoba umqulu onguhlaka olusezingeni eliphezulu lweminyaka eyishumi.

Kuhloswe ngawo ukuthi ukwazi ukumelana nanoma yiziphi izinguquko kanye namathuba angavela ukuze ukwazi ukuhlala usebenza kahle nangemva kweminyaka yokuqala ohlelelwe yona eyishumi.

Lendlela iyona ezoseka i-Ezemvelo KZN Wildlife emsebenzini wayo wokongiwa kwemvelo eziqiwini naseseFundazweni.

Amathuba nezingqinamba zokuphatha

Ukuhlaziywa kwesimo sesiqiwi kuveze izingqinamba namathuba okumele alungiswe ekuphathweni kwaso kusentshenziswa lomqulu wamasu okuphatha obuyekizwe. Ezinye zezingqinamba ezibonakele kube inkinga yemiphakathi esondela kakhulu ngasemngceleni wesiqiwi, ukwanda kwezinga lokuzingela ngokungemthetho, ukwanda kwezihlahla zokufika okungezona zendabuko, izimayini ezingekho emthethweni, kanye nokuphila ngokungqubuzana phakathi kwabantu nezilwane

Ukungabikho kwezimali nabasebenzi abanele kwenza ukunakekela isiqiwi kube nzima kanti futhi nendlela umhlaba osusentshenziswa ngayo nokungahleleki kahle kokusentshenziswa kwamanzi kunemithelela emimbi ekhubaza imvelo.

Ngaphezu kwalokho kunamathuba angakhulisa futhi aqinise ukubaluleka kwalesiqiwi. Amanye amathuba akhona ukulungiswa kwengqalasizinda yezokuvakasha

Kukhona namathuba okwenza ucwaningo nezindlela zokusebenzisana nemiphakathi kakhulu ekwakheni amathuba emisebenzi nokuhlomulisa imiphakathi eyakhele isiqiwi. Ukuxazulula lezizinkinga kubalulekile ekuqinisekiseni ukuthi isiqiwi saseThala sihlale sikhona futhi sisebenza kahle.

Indlela yokuxoxisana nabathintekayo

Umqondo obalulekile olawula i-Ezemvelo KZN Wildlife uma yenza amasu okuphatha izindawo ezivikelekile ukuthi kumele enziwe ngokubambisana nokwenza izinto obala.

Kubalulekile ukusebenzisana nalabo abambe iqhaza ukuze isu lokuphatha likhombise lezo zinto ezibalulekile, ukukhathazeka kanjalo nezifiso zalabo abahlala, noma abasebenza, noma abathintekayo ngezinto ezenzeka esiqiwi.

Kuzokwenziwa konke okusemandleni ukuzama ukuxoxisana nezinhlobo ezahlukene zalabo ababambe iqhaza ukuze kutholakale imibono yabo uma kwenziwa lelisu lokuphatha.

Ziningi izingxoko nabathintekayo esezibe khona kubhungwa ngokuphathwa kwe-Thala Game Reserve nokuhlonza izingqinamba ezibalulekile, izinselelo, kanye namathuba okufanele kubhekwanenawo ohlelweni lokuphatha. Ngakho-ke, simema amaqembu anentshisekelo nabathintekile ukuba bahlanganyele kule nqubo yokubuyekwezwa ngokunikeza imibono ngothlelo olubukeziwe.

Lomqulu wamasu okuphatha uzotholakala kelezizindawo ezilandelayo kulabo abafuna ukuwubuyekiza:

1. I- Webhusayithi ye-Ezemvelo KZN Wildlife www.kznwildlife.com (Landela lemigudu - Public Notices and also Documents > Protected Area Management Planning > Documents for Public Review].
2. EMahovisi oMasipala besifunda basoPhongolo, Abaqulusi, nase-Dumbe.
3. Esangweni lasesiqiwi iThala.
4. Endaweni yokwamukela izivakashi yase-Ntshondwe Camp, eThala.

Uma wena noma inhlango yakho nifuna ukubamba iqhaza kule nqubo noma nifuna eminye imininingwane, sicela nixhumane:

Ezemvelo KZN Wildlife
Magda Goosen
Protected Area Management Planner
Planning Division: PAMP Section
Queen Elizabeth Park
1 Peter Brown Drive
Montrose, 3201
Tel: 033 845 1465

Email: magda.goosen@kznwildlife.com & pamp@kznwildlife.com

Imibono iyokwamukeleka kuphela uma ithunyelwe ngekheli lemeyili elingenhla noma ilethwe bukhoma kwelinye lalamakhelo angenhla.

Usuku lokuvalwa: 31 Mfumfu 2025

Imfihlo: Khumbula ukuthi lena yinqubo yomphakathi yokubamba iqhaza ngaphansi kwesigaba sama 33 somthetho kaZwelonke Wokunakekela Imvelo: Wezindawo Ezivikelekile namba 57 wezi 2003. Ngakho-ke yonke imibono ezotholwa iNhlango yeZemvelo izophathwa njengemigqibo yomphakathi.

INhlango yeZemvelo izosebenzisa uMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lomuntu 4 wezi 2013 kuyo yonke imibono ezothunyelwa noma izingxoxo ezizobanjwa.

Inhlango yeZemvelo izosebenzisa imininingwane yakho yokuxhumana uma ikwazisa ukuthi isiyitholile imibono yakho noma uma isisebenza ngayo njengokuyalelwa izimiso zoMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Kolwazi 2 wezi 2000. Sicela uqaphele ukuthi njengengxeny yalenqubo, igama lakho nemibono yakho kungase kufakwe emibhalweni etholakala emphakathini.